UMama uNtuthwane wabe ehlala emgodini nezingane zakhe. Ngelinye ilanga izingane zakhala sezilambe kakhulu.

"Mama, silambe kakhulu," kukhala intuthwane encane. UMama uNtuthwane akajabulanga uma ebona izingane zikhala ngokulamba.

"Akukho ukudla bantabami. Ngisaya kokubheka," kwasho UMama Ntuthwane.

UMama uNtuthwane waya
emzini wekokoloshe.


“Ungasiza ungiphe ukudla?”
ecela ngesizotha.

“Ngeke ngikunike lesi sinkwa.
Siwukudla kwabantwabami,”
kwasho ikokoloshe.

UMama Ntuthwane waphatheka kabi.

UMama Ntuthwane waya ezaleni.
Kwabe kukhona ukudla okuningi.

“Lokhu kudla okwami,” kumemeza impukane.
Yamxosha uMama Ntuthwane.



the-hungry-ant_interior.indd 7 2018/10/19 10:32 AM

UMama Ntuthwane waphindela ekhaya engenakho ukudla. Wafica izingane zakhe zilele futhi zilambe kakhulu.

UMama Ntuthwane waya epulazini. Lapho wafica umango omningi!



the-hungry-ant_interior.indd 8 2018/10/19 10:32 AM

Kwaqhamuka inkosi uNtethe.
“Uwenzani umango wami? Ungazithinti izithelo zami,” yakhuluma ngokufutheka.

UMama uNtuthwane wabe esekhathele futhi elambile. Waphumula esangweni lomuzi wakhe.

Emva komzuzwana kwaqhamuka umfana ephethe ulofu wesinkwa.

UMama Ntuthwane wamlandela umfana beyongena endlini.






Umfana wazenzela itiye nesinkwa.
Imvuthu yawela phansi.
UMama Ntuthwane wayibona imvuthu.

Kodwa qhamukiyane ikati!
Ikati lagwavuma.

the-hungry-ant_interior.indd 15 2018/10/19 10:32 AM

Ngesikhathi eseqedile ukudla umfana. Washanela yonke imvuthu wayifaka epanini lezibi. Wazikhiphela emnyango izibi.


UMama Ntuthwane walandela.



Wagaqa wahlala ngaphezu komgqomo wezibi.

Lafika ikati. UMama Ntuthwane wethuka wawa!

Ikati langena emgqonyeni lathatha imvuthu yesinkwa.




UMama Ntuthwane waphindela emgqonyeni wezibi. Ngalesi sikhathi wagibela wahlala phezu kwawo.

Wajabula uMama Ntuthwane ebona ukudla phakathi.

the-hungry-ant_interior.indd 20 2018/10/19 10:32 AM

UMama Ntuthwane waphindela ekhaya ephethe ukudla okuningi. Izingane zakhe zadla zaze zasutha.





Room to Read

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Intuthwane Elambile*
The Hungry Ant
Ihunyushwe nguBusi Maphumulo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0076
ISBN: 978-1-928441-86-1

Ishicilelwe okokuqala i Limpopo Faces.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala isiVenda nguAzwifaneli Sellinah Maṱamba.
Umfanekisi nguSinomonde Ngwane
Umhlobisi nguVivienne Preston
Umhleli nguAlison Ziki
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-2 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Limpopo Faces
P.O. Box 5828, Polokwane North, 0750
22 Hyde Park, corner Giraffe and Springbok Street, Fauna Park, 0787, Polokwane, Limpopo, South Africa
Domina Munzhelele | 071 149 6213 | 081 514 2337 | limpopofaces@webmail.co.za | domina@hotmail.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.